basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

FEBRUWARI/MASHI 2018

IMEMORANDAMU

AMAMAKI: 80

Le memorandamu inamakhasi angama-37.

Imiyalelo yokumaka leli iphepha

1. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo engaphezulu kwalena ebekumele ayiphendule, maka kuphela impendulo yokuqala/okokuqala okuphenduliwe. (Ohlolwayo akumele aphendule umbuzo omude kanye nombuzo omfushane encwadini eyodwa/efanayo)

2. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine esiqeshini A, (izinkondlo ezimiselwe), maka kuphela ezimbili zokuqala.

3. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili emifushane noma emibili emide esiqeshini B no C, maka impendulo yokuqala ngesiqephu bese uyayiyeka impendulo yesibili. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine, maka impendulo yokuqala kuphela isiqephu ngasinye, uma kuya ngokuthi umbuzo omfushane kanye nomude uphenduliwe.

4. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili bese impendulo yokuqala ingashayi emhlolweni kanti eyesibili ishaya emhlolweni, maka eyokuqala bese uyayiyeka eyesibili.

5. Uma ohlolwayo ebhale izinombolo zemibuzo ngokungeyikho, maka njengoba izinombolo zikhonjiswe imemo.

6. Uma isipelingi siguqule umqondo wempendulo, makanganikwa amamaki ohlolwayo. Uma isipelingi sinamaphutha kodwa singawuguquli umqondo wempendulo, makanikwe amamaki agcwele ohlolwayo.

7. Imibuzo emide
   Uma ohlolwayo ephendule umbuzo omude waba mfushane kunenani lamagama anikeziwe ungamphuci amamaki ngoba vele useziphuce yena. Uma impendulo iyinde kakhulu maka ubheke umqondo oqukethwe impendulo bese uxoxisana nalowo ophethe iqembu labamakayo (Senior marker). Sebenzisa irubhriki eyisingezelelo A no B ukumaka nokunikeza amaphuzu ombuzo omude walowo ohlolwayo.

8. Imibuzo emifushane
   Uma ohlolwayo engasebenzisi omacaphuna (inverted commas) uma ecelwe ukuba acaphune, ungamphuci amamaki.

9. Imibuzo evulekile, awekho amamaki anikezwa u-YEBO/QHA noma NGIYAVUMA/ANGIVUMELANI. Isizathu/ukwesekela/ukwenaba yikona okunikezwa amamaki.

10. Awekho amamaki atholwayo ngo-YIQINISO/AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Isizathu, ukwesekela/ukwenaba yikona okunikezwa amamaki.

ISIQEPHU A: IZINKONDLO

UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)

'NKOSI SIKELEL'I-AFRIKA' – CT Msimang

Isingeniso:
Umoya wenkondlo uchaza isimo imbongi eyayikuso kanye nomuzwa eyayinawo ngenkathi ibhala inkondlo. Inkondlo ingaba nomoya owodwa ukusuka ebinzeni lokuqala kuze kube ibinza lokugcina noma ibe nomoya oxubile. Inkondlo ingaveza umuzwa wothando, intukuthelo, inzondo, ukugxeka, ukuncoma, ukuncenga, njll.
Umoya oqukethwe inkondlo uvezwa ukukhethwa kwamagama, imifanekisomqondo, izifengqo, izisho nezaga ezisetshenziswe yimbongi enkondlweni.
Kule nkondlo imbongi isebenzise umoya oxubile. Kukhona umoya wokukhathazeka, wokubumbana kanye nowethemba.

Umzimba:
Abahlolwayo bangabhekisa kula maphuzu alandelayo:
Ibinza loku-1
Umoya wokukhathazeka emigqeni woku-1 kuya kowesi-3 kanye nomoya wethemba emgqeni wesi-4 kuya kowesi-6. Emgqeni woku-1 isebenzise igama 'bayasisitheka' ukuveza indlela abakhungethwe yizinkinga ngayo. Emgqeni wesi-2 usebenzise isingathekiso 'ijoka' ukugqamisa imithwalo abanayo nokuhlupheka okubakhungethe. Emgqeni wesi-4 isebenzise isingathekiso 'yithemba' ukugqamisa ukuthi ithemba labo lisekukholweni kwabo. Emgqeni wesi-5 iphinde yasebenzisa isingathekiso 'luwubhoko' ukugqamisa umoya wethemba okuwumthandazo ozobatakula kulezi zinkinga abanazo.

Ibinza lesi-2
Imbongi inomoya wethemba iveza ukubekezela abanakho ezinkingeni ezibakhungethe. Emgqeni we-10 isebenzise isifaniso 'Okwezimv …' ukugqamisa ukuhlangana kwabantu yize besezinkingeni.

Ibinza lesi-3
Leli binza liqukethe umoya wobumbano/woxolo nokuzwana kwezinhlanga ezahlukene bonke bayathandaza bacela uxolo. Emgqeni we-13 nowe-15 igcizelela indlela ababona ngaso linye ngayo nokuthi konke abakwenzayo akubi khona ukuphikisana kukho benza izinto ngomoya owodwa.

Ibinza lesi-4
Leli binza liqukethe umoya wokukhathazeka ithi imbongi kazi kwakhala nyonini kubantu bona izinkinga zabo zizwiwa ndawo zonke. Igcizelela ukuthi lezi zinkinga ezibakhungethe zizwakala macala onke phezulu naphansi.

Ibinza lesi-5
Leli binza liqukethe umoya wethemba. Imbongi ithi nakuba kunjalo bedumele kodwa abapheli amandla ukuthi ngelinye ilanga kuyoba khona ukusa nokukhanyiseleka nakubo babone kuphela izinkinga. Isebenzise isingathekiso ukugqamisa ukuphela kwezinhlupheko e-Afrika.

Ibinza lesi-6
Leli binza liqukethe umoya wendumalo nowethemba, bathi sebehlangene kodwa kufike isihlava sibaxabanise nanxa kunjalo bayathandaza ukuthi bazwane. Emgqeni wama-31 kuya kowama-32 isebenzise i-okzimoron. Igcizelela indlela abenza ngayo izinto ezinhle babuye futhi baphikisane nakho konke okuhle abakwenzayo 'bayahlangana behlakazwa' ukugcizelela ukuthi kuyenzeka bathi benza into eyodwa kodwa bese bephinde behlukaniswe.

Ibinza lesi-7
Leli binza liqukethe umoya wethemba wokuthi ngelinye ilanga imikhuleko yabo iyozwakala iphelelise lokhu kuhlupheka kwabo e-Afrika. Igqamisa ukuthi ukukhala kwabo kuyophela baqale impilo entsha.Imbongi isebenzise amagama; Zoba yisis' …, Zohwamukela … kanye nelithi Zoshoqongana … ukugcizelela ukuthi ukuhlupheka kwabo kuyophela. Emgqeni wama-40 isebenzise isingathekiso '… umvimbi'ukuveza ukuthi usizi lophenduka izibusiso.

Isiphetho (uvo lohlolwayo):
Imbongi iphumelele kahle ukwethula umoya wale nkondlo ngoba isebenzise amasu obunkondlo agqamisa umoya oxubile wokukhathazeka, wobumbano/woxolo nethemba. Imbongi ithi ekugcineni bayophenduleka babusiseke abantu base-Afrika. **[10]**

NOMA

UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)

'NGIZW' UTHANDO' – JM Sikakane

2.1 Lungisa kwezidephil' iziziba,
Lungisibekela ngenkung'ethe khuhle,√
Imvumelwano siqalo.√ (2)

2.2 Ebinzeni lesi-3 liqukethe umqondo wobumnandi nokujabula uma imbongi iluzwa lolu uthando√ kanti ebinzeni lesi-4 uthando luyayihlupha, luyayihlukumeza uma iluzwa.√ (2)

2.3 Isimo sokukhuluma siyisenzasamuntu singelekelele ukuthi ngiqonde ukuthi lolu thando ayikwazi ukuluziba imbongi√ ngoba lilokhu luyihehe luyidonse njalo.√ (2)

2.4 Isibabazo esithi 'Maye! Maye!' Sigqamisa ithoni yokudabuka√ imbongi idatshukiswa ukuhlukumezeka ekutholayo lapho isizinikele othandweni isithola ukuthi alujabulisi njengoba ibilindele kepha luyayihlukumeza.√ (2)

2.5 Imbongi iyisebenzise kahle impindwa 'Ngizw' uthando ...' kahle.√ Igcizelela imizwa eyahlukehlukene evezwa uthando olukhulu imbongi eluzwayo. √ (2)
[10]

NOMA

UMBUZO 3 (UMBUZO OMFUSHANE)

'NGIBONGA NGIYANCONCOZA' – Imbongi ayaziwa

3.1
- Okweguqa lithath' ubunkunzi√
- Lisacij'izimpond' okweklwa√
- Okwenzulu yeziziba ngisajula √

(Okubili kwalokhu) (2)

3.2 Imbongi ithi kufanele ubonge uma usiziwe√ njengoba idlulisa ukubonga nokujabula okukhulu ngosizo elutholile kubaqeqeshi bayo abayifundisile yaze yagogoda.√ (2)

3.3 Le nkondlo inemigqa emifishane kanye nemide. Lokhu kwenza ukuba isigqi sisheshe ngoba imbongi ijabule iyabonga√ njengoba ithole ukuqeqeshwa okunzulu.√ (2)

3.4 Imbongi isebenzise isu lokuphindaphinda igama elithi 'cija' ukugcizelela ukuqeqeshwa kwalo muntu okukhulunywa ngaye okusezingeni eliphezulu.√√ (2)

3.5 Abaholi bakusasa batholakala ebantwini abancane.Imbongi ibonga abantu abayiqeqeshile futhi iyathembisa ukuthi nayo izokhula ifane nabo. (2)
[10]

UMBUZO 4 (UMBUZO OMFUSHANE)

AKASEKHO – LTL Mabuya

4.1 Akagoduke kusho ukuthi kulungile/siyavuma angashona√
Ugodukile kusho ukuthi useshonile. √ (2)

4.2 Umoya wendumalo/wokumangala/wokwethuka.√ Imbongi yethukile iyababaza ayilindele ukuthi angahamba.√ (2)

4.3 Injambamenti iveza ukuthi imbongi ingumuntu wesilisa onothando. Ikhumbula izinsuku ezimnandi eyazichitha nothandiweyo wayo becula, bedansa futhi behleka ndawonye.√√
(Nezinye izimpendulo ezinembayo). (2)

4.4 Imbongi igqamisa ukuthi naye lo muntu sekuseduze ukuthi ahambe futhi uyakulangazelela ukulandela isithandwa sakhe.√√ (2)

4.5 Lokhu okushiwo imbongi kuyiqiniso ngoba imbongi ikhombisa ubuhlungu obuzwiwa umuntu osuke eshonelwe. Kulo mugqa umuntu oshonelwe uthatha isinqumo esibuhlugnu sokuthi naye usefana nomuntu oshonile ngakho-ke uyazinikela ekufeni ngoba impilo ayikho ngaphandle kwesithandwa sakhe.√√ (2)
[10]

KANYE

UMBUZO 5 (UMBUZO OMFUSHANE)

'MNTANAMI NGIYOZIQHENYA NGAWE' – ASM Zuma

5.1 Manje uqhoshiqhoshise izinyawana
Phansi kwalesi siphuku.√√ (2)

5.2 Imvumelwano-sigcino ule- iyagcizelela iphinde ilethe ubumnandi uma umuntu ehaya inkondlo. (2)

5.3 Imbongi isebenzise isizura ukugcizelela ubuhlungu engaba nakho uma kungenzeka ingane yenze okuphambene nomthetho ikhuzwa ngapha nangapha.√ Lokhu kudale isigqi ukuthi sinense. √ (2)

5.4 Umoya wothando/wentokozo.√ Ube nomthelela wokuthi ngiqonde ukuthi uma ingane isencane imsulwa ayinaso nesincane isici. Konke ekwenzayo isuke ikwenza ngomoya wothando. √ (2)

5.5 Ithoni yokuncenga esetshenziswe kahle iveza amazwi anokuyala/ anokuxwayisa ashiwo umzali enganeni yakhe. Iveza ukuthi uma ingane ingaqhubeka nokwenza okuhle nokugwema izilingo zomhlaba iyoba nezibusiso eziningi.√√ (2)
[10]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO

INOVELI

UMBUZO 6 (UMBUZO OMUDE)

BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibiya

QAPHELA:
- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kule noveli kubhekwa indawo, inkathi kanye nesimo senhlalo okuyizingxenye zesizinda.
- Ukuma kwempendulo yombuzo omude:

  - ❖ Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze isizinda.
  - ❖ Umzimba: Ohlolwayo makaphendule agxile kokubuziwe.
  - ❖ Isiphetho sempendulo (uvo lwakho): Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe mayelana nesizinda sale noveli.

ISINGENISO
Isizinda sahlukaniswe izingxenye ezintathu kanje:

- Indawo: Lapha kubhekwa ukuthi indaba yenzeka kuyiphi indawo okungaba indawo yasemakhaya noma yasemadolobheni.
- Inkathi: Lapha kubhekwa ukuthi indaba yenzeka ngayiphi inkathi okungaba inkathi yamanje noma yakudala.
- Isimo senhlalo: Lapha kubhekwa indlela abalingiswa abaphilisana ngayo, abenza ngayo izinto nabaziphatha ngayo. Kungaba (isikhwele, uthando, ukuzicabangela wena, isibindi, ubugebengu, ukuzwelana)

Abahlolwayo bangasebenzisa la maphuzu alandelayo amayelana nesizinda sale noveli.

UMZIMBA
- **Indawo:**
  Indawo kule noveli iyathutha. Indaba yenzeka ezindaweni ezahlukene. Yenzeka edolobheni laseKapa. Ibuye ithuthe iye edolobheni laseThekwini kanye nasezindaweni ezilizungezile: uMlazi, eNtuzuma kanye nasemakhaya eGcilima.

- EGcilima:

  - ❖ Le indawo uMhlengi/Mahlengi azalelwa futhi wakhulela kuyo. Uyise uNgidi wayesahlala khona yize yena wayengasahlali khona ngenxa yesikole kanye nomsebenzi. Yilapho atshela khona uyise uNgidi ukuthi uyinkonkoni/uyi-*gay*.
  - ❖ Yilapho uNdumiso abamba khona uNgidi inkunzi ukuze athole imali yokulobola uMahlengi/Mhlengi.
  - ❖ UNontobeko waya eGcilima eyofuna uMhlengi ngethemba lokuthi uzomthola ukuze babuye bathandane futhi.

- EThekwini:

  - ❖ UMhlengi/Mahlengi wayefunda ezikoleni zakhona eVukuzakhe nase-ML Sultan Technikon.
  - ❖ EMlazi naseNtuzuma – izindawo lapho uNgidi kanye noNontobeko abaya kuzo ukuyofuna uMhlengi ngemuva kokuhluleka ukumthola efulethini ababegcine ehlala kulo.
  - ❖ UMahlengi/Mhlengi wayenefulethi eThekwini ngenkathi esesebenza.
  - ❖ UMahlengi/Mhlengi wayenebhizinisi le-b*ed and breakfast* nelokucwala izinwele kuyo le ndawo.

- EKapa:

  - ❖ Yilapho uMhlengi aguqula khona ubulili waba owesifazane. Wathatha umazisi omusha waguqula negama lakhe waba uMahlengi.

- Inkathi:
  Le ndaba yenzeka enkathini yamanje.

  - ❖ Abalingiswa abaningi kule ndaba benza izinto ezinhlobonhlobo ezifakazela ukuthi yenzeka kulesi sikhathi samanje.
  - ❖ Kukhona abesilisa abathanda abantu bobulili obufana nobabo njengoMhlengi owagcina ethathe isinqumo sokuthi kungcono aziguqule azenze umuntu wesifazane.
  - ❖ Abantu abamnyama abaningi bazibandakanya futhi bayathuthuka kwezamabhizinisi. Lokhu kufakazelwa ukuthi uXolani unebhizinisi lokuthwala impahla. UNdumiso ubephila ngokuthola amathenda. UNgidi unamapulazi aqashe kuwo abantu abamsebenzelayo futhi kukhona nalelo alithengele uMhlengi.
  - ❖ Kukhulunywa ngemiqhudelwano emikhulu yomhlaba yezemidlalo njengale Ndebe yoMhlaba yezi-2010 eyayizoba khona. Kunemiqhudelwano emikhulu yebhola njengalowo okwakwehlulwe kuwo iqembu le-Orlando Pirates okwagcina kudale ukuba uNkululeko ashayise uNontobeko ngemoto.
  - ❖ Abalingiswa abangoXolani, uMahlengi, uNdumiso nabanye bavamile ukusebenzisa isiNgisi uma bekhuluma.
  - ❖ Abantu besifazane bashayela izimoto, njengoNontobeko. Bayabhema, baphuza utshwala bagqoka amabhulukwe njengoMahlengi.
  - ❖ Ukuthengwa kokudla notshwala emarestorenti anjengo-Something Fishy nePizza Hut nokulala emahhotela kwandile. UNontobeko noNgidi bangenisa ehhotela mhla beyothungatha uMhlengi eBlue Waters. UNdumiso naye uma eyobamba uNgidi inkunzi wangenisa eParidise Holiday Resort.
  - ❖ Kunabaseshi abazimele abakwazi ukusiza umuntu athole lowo amfunayo njengoShezi osize uNgidi noNontobeko ukuba bathole uMhlengi.
  - ❖ Kulalelwa imisakazo ukwethula ezisematheni njengodaba lobugebengu obabenziwe uNdumiso. UZakithi wezwa udaba lokubanjwa kukaNgidi inkunzi kanye nokubulawa kukaNyambose emsakazweni. Lokho kwenza ukuba ashayele amaphoyisa ucingo, kwase kuba ukuboshwa kukaNdumiso.

- Isimo senhlalo/sezinto:
  Isimo senhlalo/sezinto siyaguquguquka kule ndaba. (isikhwele, uthando, ukuzicabangela wena, isibindi, ubugebengu, ukuzwelana).

  - ❖ Ekuqaleni kwendaba sithola uMahlengi noXolani izinto zibahambela kahle bahambela umhlangano wokuthuthukisa amabhizinisi abo.
  - ❖ UXolani unamaphupho okukhulisa ibhizinisi lakhe ukuze nomkakhe uLungile ayeke umsebenzi azomelekelela. Isimo siyaguquka emzini kaXolani ngenxa yokufika kukaMahlengi empilweni yakhe. Uxabana nenkosikazi yakhe ugcina eseshelwe umuzi nezingane.
  - ❖ UMahlengi unesoka lakhe elimthandayo uNdumiso. Siyaguquka-ke isimo uma uMahlengi esebonana noXolani agcina esethandana naye. Lokho kwadala ukuba uNdumiso abuyele ebugebengwini ayesezitshele ukuthi uphumile kubo.
  - ❖ UNkululeko izinto zimhambela kahle njengoba ezoshada noNontobeko kodwa lokho kuyaguquka uma uNontobeko emtshela ngosuku olwandulela elomshado ukuthi useyahluleka ukuqhubeka ngenxa yokuthanda uMhlengi. UNkululeko wagcina ezibulele.
  - ❖ UNomalanga izinto zimhambela kahle ngoba sebethembisene umshado noNgidi kodwa isimo siyaguquka uma uNgidi esethungatha uMhlengi ngaphandle kokumazisa futhi ayethe usemkhiphile enhliziyweni yakhe.
  - ❖ UNgidi ubuyelwa ithemba lokwakha kabusha ubudlelwano bakhe noMhlengi emva kokufika kukaNontobeko ezomfuna. Ekugcineni uyaphoxeka ngoba ufica ukuthi useze waziguqula ubulili.

(Amukelekile namanye amaphuzu asekela isizinda)

ISIPHETHO (Uvo lohlolwayo)
Isizinda sale noveli siyibumbe kahle indaba. Indawo nenkathi kanye nesimo senhlalo kule ndaba kuyakholeka futhi kuyahambelana.

(Ohlolwayo angasebenzisa namanye amaphuzu akhona endabeni ukukhombisa ukuthi indaba uyayazi.)
(Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.)
(Ohlolwayo kulindeleke ukuthi abhale impendulo yombuzo njenge-eseyi.) **[25]**

UMBUZO 7 (UMBUZO OMFUSHANE)

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

7.1 Wayenodaba afisa ukuluxoxela uyise uNgidi/Wayefisa ukubuyela ekhaya ukuze akhulume nobaba wakhe uNgidi ngesinqumo ayesesithathile ngempilo yakhe.√ (1)

7.2 Ludalwa ukuthi uyazibuza uyaziphendula ukuthi zindaba zini lezi uMhlengi ayemzela nazo ayefuna ukuzikhuluma ocingweni.√ Ucabanga ukuthi mhlawumbe umzela namacala okungenza ukuthi axabane naye.√ Ubuye azikhuze ukuthi uMhlengi usekhulile njengoba esesebenza.√ (3)

7.3 UNgidi ubuyelwa yithemba lempilo emva kokuhlangana noNomalanga ezihambela ebhishi baze bagcina behlela ukushada.√√ (2)

7.4 La magama agqamisa umoya wokukhathazeka/wokuphelelwa ithemba.√ UNgidi ukhumbula usuku lapho indodana yakhe imtshela izindaba zokuthi yona iyi-gay. √ Ukhumbula nangendlela akujabulela ngayo ukufika kwendodana yakhe ngokuyihlangabeza ayivulele nesango.√ Emuva kokuzwa lezi zindaba aphela onke amathemba aye nayo ngayo wazibona engaseyilutho. √ (4)

7.5 UNkulululeko washayisa uNontobeko ngemoto bagcina sebethandana.√ Washiya bonke ayethandana nabo wanquma ukuba ashade naye. Kwathi ngosuku olwandulela umshado uNontobeko wanquma ukumtshela ukuthi uyahluleka ukuqhubeka nomshado ngoba inhliziyo yakhe isathanda uMhlengi wabe esemshiya kanjalo.√ UNkululeko wahluleka ukubhekana nosizi lokwaliwa uNontobeko ngisho nomndeni uzama ukumduduza waqhubeka wayozikhunga.√ (3)

7.6 Umphumela wawuzoba mubi ngoba uNontobeka wayezohlala nomuntu angamthandi, inhliziyo yakhe ilokhu ibambelele kuMhlengi bese begcina behlukanisile.√√

NOMA

Umphumela wawuzoba muhle ngoba uNkululeko wayezomphatha kahle uNontobeko njengoba ayelazi iqiniso lokuthi uNontobeko wayesenalo uthando lukaMhlengi bagcine behlezi kahle uNontobeko esekhohliwe uMhlengi. √√ (2)

7.7 Bobabili babemthanda uMhlengi kodwa benamathemba angefani .√ UNgidi wayenethemba lokuthi uMhlengi akaqhubekanga nale nto ayemtshele yona yokuthi uyi-gay√ kanti uNontobeko wayenethemba lokuthi uma emthola uMhlengi babeyoxoxisana baqhubeke nothando lwabo.√ (3)

7.8 Simveza njengomlingiswa onolaka nongaguquki kulokho akushoyo.√ Nangempela kwaphela isikhathi eside emkhiphile uMhlengi enhliziyweni yakhe waze waguqulwa ngukufika kukaNontobeko ethi uzobheka uMhlengi.√ (2)

7.9 Ngiyavumelana ngoba uvuthondaba yilapho kufika khona oNgidi efulethini likaMhlengi bethola amaqiniso ebebengawalindele ngoMhlengi okuthi uMhlengi sewaziguqula waba uMahlengi.√√ (2)

7.10 Isethulo sale noveli kulapho uMahlengi ebonana noXolani emhlanganweni wosomabhizinisi abasafufusa, uXolani afikelwe uthando lukaMahlengi.√ Ngokwamagugu akwamukelekile ukungawucabangeli umndeni wakho√ njengoba uXolani wahamba wayobona uMahlengi ngosuku lokuqala. Wakhohlwa ukuthi kwakumele ahambise izingane emcimbini.√ (3)

[25]

UMBUZO 8 (UMBUZO OMUDE)

USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi

QAPHELA:

- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kule noveli kubhekwa indawo, inkathi kanye nesimo senhlalo okuyizingxenye zesizinda.
- Ukuma kwempendulo yombuzo omude:
  - ❖ Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze isizinda.
  - ❖ Umzimba: Ohlolwayo makaphendule agxile kokubuziwe.
  - ❖ Isiphetho sempendulo (uvo lwakho): Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe mayelana nesizinda sale noveli.

ISINGENISO

Isizinda sahlukaniswe izingxenye ezintathu kanje:

- Indawo: Lapha kubhekwa ukuthi indaba yenzeka kuyiphi indawo okungaba indawo yasemakhaya noma yasemadolobheni.
- Inkathi: Lapha kubhekwa ukuthi indaba yenzeka ngayiphi inkathi okungaba inkathi yamanje noma yakudala.
- Isimo senhlalo: Lapha kubhekwa indlela abalingiswa abaphilisana ngayo, abenza ngayo izinto nabaziphatha ngayo. Kungaba (isikhwele, uthando, ukuzicabangela wena, isibindi, ubugebengu, ukuzwelana)

Abahlolwayo bangasebenzisa la maphuzu alandelayo amayelana nesizinda sale noveli.

UMZIMBA

- **Indawo:**
  Indawo kule noveli iyathutha. Indaba yenzeka ezindaweni ezahlukene. Yenzeka edolobheni laseThekwini, eThusini, eMlazi kanye nasemakhaya eMangwaneni.

- EMangwaneni:
  - ❖ Yindawo uNomvula/Mirriam azalelwa futhi wakhulela kuyo. Sithola umndeni wakubo, unina uMaNdelu, uyisemncane uMeyili, uDininja, uCalalakhe noBhozimili noninomncane uMaHadebe nabanye abalingiswa.
  - ❖ Yilapho uChule athumela khona oDaffo ukuba bayomlobolela uNomvula, bafike bashaywa ngoba bekhokhe imali yelobolo eyayiwuhlweza lodwa ngenhloso yokubalutha kanti bazobanjwa.

- EThekwini–eThusini:
  - ❖ Yilapho uNomvula/Mirriam wayehlala khona futhi esebenzela uDicey nowakwakhe uBrenda. Wagcina esenomuzi khona esegane uGenyeza.

- EMlazi:
  - ❖ Yilapho kwakuhlala khona uNomvula ngenkathi eseshade noChule. Bakha nesuphamakethe kwaSicingamazibuko.

- Inkathi:
  Le ndaba yenzeka enkathini yamanje kodwa kusenobandlululo kusadingeka izimvume zokusebenza edolobheni. Kuningi okwenziwa abalingiswa abehlukene kule ndaba okufakazela inkathi yamanje.

  - ❖ UNomvula/Mirriam wayedlala umjaho wamahhashi nabelungu bakhe okwamenza wagcina ewine ipick-six. Wayefunde kancane ngoba wayekwazi ukubhala incwadi nokushayela imoto.
  - ❖ Kunomshado wesilungu owabe uphakathi kukaNomvula noChule owawuhlanganisa amafa ngoba uChule wayegaqele umcebo kaMirriam.
  - ❖ Kunabadayisi abanhlobonhlobo esasibabona bezodayisela uNomvula imishwalense, amafenisha nezimoto emva kokuwina ipick-six.
  - ❖ Kudlange ubugebengu, njengabefundisimbumbulu abafuna imali yabafelokazi neyabanye abantu besifazane abayizigwili. UChule waqola uMaDludla imali ayeyishiyelwe umyeni wakhe uCindi ngokuthi azenze umfundisimbumbulu. Waqhubeka nalobu bugebengu wafuna imali kaNomvula ngakho ukuzenza Umfundisi mbumbulu.

- Isimo senhlalo/sezinto:
  Isimo senhlalo/sezinto siyaguquguquka kule ndaba. (Umona, isikhwele, ubuthakathi, ukubulala noxolo)

  - ❖ Ekuqaleni kwendaba uNomvula usebenza emajalidini, unesoka lakhe uGenyeza nalo elisebenza emajalidini. Uwina i-pick six. Uhlangana noChule omthanda ngendlela uGenyeza angakaze amthande ngayo, bagcina sebeshadile. UChule uyamjikela usefuna ukubuyela kuMaMkhabela umkakhe ngoba ecabanga ukuthi uNomvula uzodla ifa labo enoGenyeza. Ugcina ngokushona uChule ngenxa yomona emva kokuzama ukubulala uNomvula ukuze lonke ifa lize ngakuyena.
  - ❖ UMaHadebe uninomncane kaNomvula ufikelwa umona uma ezwa ngomcebo kaNomvula. Uhlela ukubabulala ngoshevu benoMaNdelu, uma ehluleka uthumela indodana yakhe uMahuzu owagcina ngokushona. Ekugcineni uNomvula uyabaxolela bonke ababemonile ushintsha isimo sabo sempilo ngokubakhela umuzi kanokusho (kwaJekiphothi) emaNgwaneni.
    Wakhela noyise omncane uDininja isitodlwana.
  - ❖ UGenyeza uthandana noNomvula, uhlala ngokumshaya umbhanqa noZodwa. Unesikhwele kodwa akamshadi.
  - ❖ Ukuwina kukaNomvula i-pick six kwavusa uGenyeza emaqandeni ngoba uNomvula wathathwa uChule. Lokho kwenza ukuba uGenyeza avuke azithathe alolonge ikhono lakhe lokushaya isiginci abe umculi kamasikandi odume umhlaba wonke. UGenyeza uyamxolela uNomvula bagcina ngokushada.

(Amukelekile namanye amaphuzu asekela isizinda)

ISIPHETHO (Uvo lohlolwayo)
Isizinda sale noveli siyibumbe kahle indaba. Indawo inkathi kanye nesimo senhlalo kule ndaba kuyakholeka futhi kuyahambelana.

(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.) **[25]**

UMBUZO 9 (UMBUZO OMFUSHANE)

USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi

9.1 Wayedinwe isenzo sikaDicey sokuqabula uMirriam.√ (1)

9.2 Ukusebenzisa igama likamnakwethu kukaGenyeza eqondise kumlungu kaNomvula.√ Ukubongela umlungu osephuzile naye.√ Ukuphuza kakhulu utshwala kukaGenyeza okugcine engasakwazi ukuzimela.√ (3)

9.3 Usiphethe ngokukhombisa ukuthi utshwala abuyi ngokuba umafikizolo.√ UGenyeza wazithola esesimweni somlungu ayemhleka ngoba naye wazithola esephuze ngokweqile engasakwazi ukuhamba.√ (2)

9.4 La magama agqamisa umoya wokubhuqa nendelelo.√ UGenyeza unomoya wendelelo nokubhuqa. Ubhuqa indoda eziphuzelayo eyabe uma ibheka iminwe yayo uyibiza ngesigwili.√ Udelela uMirriam umtshela ukuthi naye uzobe esebala ubala njengendoda uma sekufike imali yakhe√. Uyaqhubeka nokukhuluma amazwi abhuqayo la encoma khona ukuthi utshwala ayisabuphuzi isibeka nje izandla ngendlela esiphuze ngayo indoda yomlungu.√ (4)

9.5 Wavuka ekuseni wapheka isibhuklabhukla senkukhu. Sangadliwa muntu, wase ebatshengisa ukuthi akunabuthi abufakile ngokuthi ahlephulele uMeyili ithanga.√ Wajuluka wangabe esaba nasinqe njengoba ushevu wawusozipheni wawudla ngephutha.Wacela uMeyili ukuthi akamnike ubisi kodwa alwasiza ngalutho ngoba ushevu wawusumjuqa.√ Waphuthunyiswa edolobheni kwadokotela kwenziwa izaba. Wase dluliselwa esibhedlela.√ (3)

9.6 Umphumela wawuzoba mubi ngoba kwakungenzeka ukuthi uMirriam kugcine kufikile ukuthi izinombolo zakhe ziwine i-*Pick six* bese angaphinde abathembe abelungu bakhe.

NOMA

Wawuzoba muhle ngoba wayezoqhubeka asebenze kwa-Dicey engalokhu elandelwa amanqe ayefuna ukumbulala ngoba befuna ukuthola imali yakhe.√√ (2)

9.7 Bobabili babenothando olungefani ngomcebo kaNomvula.√ Uthando lukaChule kwakungelona olweqiniso wayeze ngokuzoqola uNomvula efuna umcebo ube ngowakhe√ kanti uGenyeza wayengafuni abanye abantu basondele kuNomvula bezodla umcebo kaNomvula.√ (3)

9.8 Simveza njengomlingiswa onozwelo ongathandi ukubona omunye umuntu ehlekisa ngomunye.√ Njengoba naye uGenyeza bagcina bumhlulile utshwala wagcina esefana nendoda yomlungu ayehlekisa ngayo.√ (2)

9.9 Ngiyavumelana ngoba upholovuthondaba lulapho isimo sesibuyela njengoba sasinjalo ekuqaleni.UNomvula ubuyelana noGenyeza, bayashada, bathenga umuzi eThusini baxolela bonke ababebonile. √√ (2)

9.10 Isethulo sale noveli ngokwamagugu akwamukelekanga ukuthola ingane ungashadile.√ UNomvula wathola ingane engashadile okwaholela ekutheni axoshwe ngubaba omncane wakhe uMeyili.√ UNomvula esesebenza kwaDicey uthandana noGenyeza owayembiza ngezici aphinde amshaye.√ (3)
[25]

UMBUZO 10 (UMBUZO OMUDE)

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

QAPHELA:
- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kule noveli kubhekwa indawo, inkathi kanye nesimo senhlalo okuyizingxenye zesizinda.
- Ukuma kwempendulo yombuzo omude:
  - ❖ Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze isizinda.
  - ❖ Umzimba: Ohlolwayo makaphendule agxile kokubuziwe.
  - ❖ Isiphetho sempendulo (uvo lwakho): Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe mayelana nesizinda sale noveli.

ISINGENISO
Isizinda sahlukaniswe izingxenye ezintathu kanje:

- Indawo: Lapha kubhekwa ukuthi indaba yenzeka kuyiphi indawo okungaba indawo yasemakhaya noma yasemadolobheni.
- Inkathi: Lapha kubhekwa ukuthi indaba yenzeka ngayiphi inkathi okungaba inkathi yamanje noma yakudala.
- Isimo senhlalo nesezinto: Lapha kubhekwa indlela abalingiswa abaphilisana ngayo, abenza ngayo izinto nabaziphatha ngayo. Kungaba (isikhwele, uthando, ukuzicabangela wena, isibindi, ubugebengu, ukuzwelana.

Abahlolwayo bangasebenzisa la maphuzu alandelayo amayelana nesizinda sale noveli.

UMZIMBA

- **Indawo:**
  - ❖ Indawo kule noveli iyathutha. Indaba yenzeka ezindaweni ezahlukene. Yenzeka eMzimkhulu kanye naseThekwini nakwezinye izindawo ezilizungezile iTheku.

- EMzimkhulu:
  - ❖ Yilapho kwazalelwa, kwakhulela futhi kwafunda khona uDumazile esikoleni samabanga aphansi.

- EMbumbulu:
  - ❖ Yilapho kwakufunda khona uDumazile eZenzele High School, akakwazanga ukuphothula ngoba waxoshwa ngenxa yokukhulelwa. Kwakunesiteshi samaphoyisa lapho oMaNdovela noMaJwara babika khona indaba yokukhulelwa kukaDumazile ekhuleliswa uMoloi. UDumazile waqala ukusebenza emzini nasesitolo sikaSithole e-Adams mission.

- EMlazi (eMafezini):
  - ❖ Yilapho uDumazile ayehlala khona noSithole emzini owawuthengwe uSithole wagcina esethandana naye waze wamtholisa nengane uMtholephi. Waqhuba izifundo zobuhlengikazi ehlala kule ndawo.
  - ❖ UDumazile uphinde ubonana noMoloi eCity Hall bayabuyelana.
  - ❖ UMoloi uhlangana noLerato esitolo sezingubo zokugqoka okokuqala lapho amthengela izimpahla zokugqoka.

- KwaNongoma:
  - ❖ UDumazile wayelaliswa esibhedlela sakhona ngezinsuku zakhe zokugcina waze washonela khona.

- EMid-Illovo kwaJilafohlo:
  - ❖ Kubo kaMtalaselwa, lapho kwakugane khona uDumazile wagcina engcwatshelwe khona.

- **Isikhathi:**
  Le ndaba yenzeka esikhathini yamanje. Kuningi okwenziwa abalingiswa abehlukene kule ndaba okufakazela isikhathi samanje.

  - ❖ Kuyafundwa: UDumazile ufunda amabanga aphansi esikoleni esingakubo wase eyofunda amabanga aphezulu eMbumbulu.
  - ❖ Othisha bathandana nezingane zesikole. Ukuthandana kukathisha uMoloi noDumazile aze amkhulelise ebe eyingane yesikole.
  - ❖ Abanye abantu besifazane bashayela izimoto lokho kufakazelwa ukuba nemoto kukaDumazile.
  - ❖ Isifo sengculazi: Abanye abantu bayashona ngenxa yokubhebhetheka kwesifo sengculazi. Ukungathembeki kwabalingiswa kule noveli kwenze ukuba kufe abalingiswa abaningi nababengenacala.

- **Isimo senhlalo/sezinto**:
  Isimo senhlalo/sezinto siyaguquguquka kule ndaba. (ukungabi nesimilo, ukubambisana ezinkingeni, ukuthanda izinto, ukungezwani komakoti nomamezala)

  - ❖ UDumazile ubuya ekhaya esekhulelwe. Lokho kudala ingxabano phakathi kukaKheswa noMaNdovela ngoba uKheswa wayengafuni ukuthi uDumazile ayofunda eMbumbulu. Kwadingeka ukuba uDumazile ayosebenza ukuze akhulise uLerato.
  - ❖ Isimo siphinde siyonakala kwaKheswa uma uDumazile esefika ephethe uMtholephi okuyingane yesibili ayithola engashadile. Abazali bakhe bagcina beduduzwe inhlawulo eyakhokhwa uSithole kanye nokulotsholwa kwakhe uMtalaselwa.
  - ❖ USithole noMaNzimande bahamba inkantolo yezahlukaniso zemishado.
  - ❖ USithole ugcina engasenalutho ngokucekelwa phansi uDumazile ngemuva kokushisa isitolo sakhe.
  - ❖ UMtalaselwa udumaza abazali bakhe ngokuthatha uDumazile abe inkosikazi yakhe ebe enezingane ezimbili. Abazali bakhe bebebheke ukuthi uzoganwa intombi yakhe yakwaZungu ayesenengane nayo.
  - ❖ UDumazile unuka uninazala ngokuthakatha ingane yabo uSanele okwamenza anqabe nokuyokwakha umuzi eJilafohlo kubo kaMtalaselwa.
  - ❖ Isimo emzini kaMtalaselwa noDumazile saqala ukonakala ngenkathi sekubuya oSithole noMoloi empilweni kaDumazile.

(Amukelekile namanye amaphuzu asekela isizinda)

ISIPHETHO (Uvo lohlolwayo)
Isizinda sale noveli siyibumbe kahle indaba. Indawo nenkathi kanye nesimo senhlalo kule ndaba kuyakholeka futhi kuyahambelana.

(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.) **[25]**

UMBUZO 11 (UMBUZO OMFUSHANE)

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

11.1 Babezobikela uthishomkhulu udaba lokukhulelwa kukaDumazile.√ (1)

11.2 Ukungalekeleli uthishomkhulu ngenkathi kubhoka abazali mayelana nokukhulelwa kwabafundi.√ Omemu bathi bona abakufundelanga ukubelethisa, abanalo ikhono lokubelethisa futhi kubucayi.√ (2)

11.3 Uthishomkhulu uthatha isinqumo mayelana nodaba lokukhulelwa kukaDumazile ukuthi ayolanda abazali bakhe bazochazela umkhandlu ngokufanele kwenziwe uma eseteta njengoba isikole singenayo i-ambulensi.√√ (2)

11.4 La magama agqamisa umoya oxubile. UMisi Hlophe unomoya wentukuthelo ayikhombisa kuDumazile uma embona engaphenduli futhi engambuki emehlweni uthishomkhulu ngenkathi ekhuluma naye.√√ Uthishomkhulu unomoya wokuncoma omemu indlela abalusingathe ngalo udaba lokukhulelwa kukaDumazile nokuthi bakwazi ukuqapha ukuthi izinto zihambe kahle esikoleni.√√ (4)

11.5 UDumazile waphathwa kabi ukuthi uSithole akamlobolanga.√ Wase efuna ukuzikhokhela ngokuthi athole imali kaSithole wenza iqhinga lokuthi ahlangane noMthivovo Mkhize ukuthi amsize bagqekeze babuye bashise nesitolo sikaSithole.√ Ngebhadi uSithole wayengawukhokhelanga umshwalense, wangakwazi ukuba akhokhelwe ngokusha kwesitolo sakhe. √ (3)

11.6 Wawuzoba muhle ngoba uMtalaselwa wayezoshadelwa yintombazane yasendaweni eyayizowuhlonipha umuzi wakhe, angathuthi kubo futhi angalitholi igciwanei lengculazi njengoba kwenzeka emshadweni wakhe noDumazile.√√ (2)

11.7 Bobabili babengaziphethe kahle kodwa benothando lukaDumazile.√ UMoloi wayeshadile, wathandana noMisi Hlophe kanye noDumazile, wagcina ngokugula washona√ kanti uSithole wayeshadelwe uMaNzimande wathandana noDumazile wagcina ngokugula naye washona.√ (3)

11.8 Simveza njengomlingiswa obalalelayo abazali.√ Kuthe uma kufika umbiko wokuthi uDumazile ukhulelwe wamyalela ukuba alande abazali.√ (2)

11.9 Ngiyavumelana ngoba upholovuthondaba lulapho kungcwatshwa khona uDumazile.Umamezala kaDumazile wavuma ukuba ayongcwatshelwa eJilafohlo nakuba ayembize ngomthakathi. √√ (2)

11.10 Isethulo sale noveli ngokwamagugu sibonisa ukuthi akwamukelekanga ukuthandana kothisha nezingane zesikole.√ Uthisha uMoloi ushela uDumazile eyingane yesikole eZenzele.√ UDumazile waxabana noMisi Hlophe owayekhuleliswe uthisha uMoloi.√ (3)
[25]

UMBUZO 12 (UMBUZO OMUDE)

***IMPI YOMDABU ISETHUNJINI* – JC Buthelezi**

QAPHELA:
- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kule noveli kubhekwa indawo, inkathi kanye nesimo senhlalo okuyizingxenye zesizinda.
- Ukuma kwempendulo yombuzo omude:
  - ❖ Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze isizinda.
  - ❖ Umzimba: Ohlolwayo makaphendule agxile kokubuziwe.
  - ❖ Isiphetho sempendulo (uvo lwakho): Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe mayelana nesizinda sale noveli.

ISINGENISO
Isizinda sahlukaniswe izingxenye ezintathu kanje:

- Indawo: Lapha kubhekwa ukuthi indaba yenzeka kuyiphi indawo okungaba indawo yasemakhaya noma yasemadolobheni.
- Inkathi: Lapha kubhekwa ukuthi indaba yenzeka ngayiphi inkathi okungaba inkathi yamanje noma yakudala.
- Isimo senhlalo nesezinto: Lapha kubhekwa indlela abalingiswa abaphilisana ngayo, abenza ngayo izinto nabaziphatha ngayo. Kungaba (isimo somnotho, ukuzicabangela wena, isibindi, amasiko, ukuzwelana, esezombangazwe/ mbusazwe).

Abahlolwayo bangasebenzisa la maphuzu alandelayo amayelana nesizinda sale noveli.

UMZIMBA

- **Indawo:**
  Indawo kule noveli iyathutha. Indaba yenzeka ezindaweni ezahlukene. Yenzeka eThekwini kanye naseShowe nakwezinye izindawo.

- EMLAZI
  - ❖ UCele efika eMlazi emzini womshana wakhe uJohn Mbhabhadisi Ngubane. Ufikele ukuzocela umshana wakhe ukuba azomethula umthwalo wezingane zikaLinono, uHlanganisani no-Uzithelile.

- ESHOWE-EMPAPHALA
  - ❖ UBafana wakhulela kule ndawo, umalume wakhe uCele noMakhumalo bahlala kuyo.
  - ❖ U-Euthenasia uyeqa ekhaya uya esikoleni sikaHlanganisani i-BW Vilakazi.
  - ❖ U-Euthenasia wenzelwa isiko umkhulu wakhe uCele, umthela ngenyongo.
  - ❖ UNgubane ubuyela eMpaphala njengokuyalelwa uMaMsibi.

- LALUCIA
  - ❖ Iyachuma impilo kaJohn nomkakhe uMaMthimkhulu baze bathenga omunye umuzi eLa Lucia.
  - ❖ Izingane zabo o-Euthenesia noMelody bafunda ezikoleni eziphambili, ezibizayo zakhona eLa Lucia ngenhloso yokuthola imfundo engcono nephambili.

- EMANDENI
  - ❖ Kuphela iminyaka emihlanu uJohn Ngubane ephilisa okwemvukuzane ekhonjwa ngapha nangapha.
  - ❖ Usebenza eMandeni kwa-SAPPI, aphinde akhonjwe emshinini kashukela eFelixton.

- NEWCASTLE
  - ❖ Udlulela eBhalanki ngaseNewcastle.
  - ❖ Emuva kokuthengiswa komuzi waseMlazi, uthenga imoto iLexus.
  - ❖ Uyazinza eMadadeni, udumo luyanda uze ubizwa ngoJohnny uNgubane.
  - ❖ Bayaxabana noMaMthunzi emva kokuba indodakazi yakhe uPrisca igingqa iLexus ihamba nesoka layo.
  - ❖ Uyashiya kwaMaMthunzi uJohnny

- KWAMASHU
  - ❖ UNgubane ulibhekisa kwamngani wakhe ohlala kwaMashu, ogama lakhe linguGetro Masuku.
  - ❖ UNgubane uhlala izinyanga ezimbili kwaGetro agcine esehlangene nodade waboGetro, u-Alice.
  - ❖ U-Alice ungumhloli wezikole, abuye abe yithwasa usehlala noNgubane obuye amhlambele izimpahla zokugqoka.

- PHESHEYA-UNITED STATES OF AMERICA
  - ❖ Uhlanganisani, uZithelile kanye noVikizitha baqhuba izifindo zabo phesheya.

- Inkathi:
  Le ndaba yenzeka enkathini yamanje. Kuningi okwenziwa abalingiswa abehlukene kule ndaba okufakazela inkathi yamane.

- Ukufunda
  - ❖ U-Euthenasia bafunda esikoleni esixube izinhlanga i-Dr West High.
  - ❖ UHlanganisani no-Uzithelile bafunda eBW Vilakazi.
  - ❖ UPoppie uqhubeka nokufunda i-PHD akanaso isikhathi somndeni wakhe.
  - ❖ UNgubane unikezwa inkampani izincwadi zokuthi azithuthukise njengoba inkampani ithuthuka.
  - ❖ OHlanganisani, Vikizitha noZithelile bafunda baze bagogoda phesheya.
  - ❖ UVukuzithathe uphindela esikoleni emva kokuba nezingane ezimbili.

- Baphila impilo ephambili
  - ❖ UNgubane ugaya izingcezu zikashizi emshinini ufaka ulethisi.
  - ❖ UMaMthimkhulu ufundisa uMelody ukwenza i-french bread.
  - ❖ U-Euthenasia ugqoka izingubo ezibizayo azithenga esitolo esiphambili esiseThekwini kuGrey Street.
  - ❖ UMelody ugqoka amacici, wenza izinzipho nezinwele esikoleni.
  - ❖ UPoppie ugqoka izingubo ezimfushane emsebenzini futhi uhamba ngekhanda.
  - ❖ UNgubane uhamba ngohlobo oluphambili lwezimoto, wathenga i-mercedes kanye neLexus.
  - ❖ UPoppie uthengela u-Euthenasia noMelody imoto.

- Isimo senhlalo/sezinto:
  - ❖ Isimo senhlalo/sezinto siyaguquguquka kule ndaba. (Ukungabi nesikhathi somndeni, ukungabambisani ezinkingeni, ukuthanda izinto, ukuzwana kwezingane, ukubukelana phansi, ukuxolelana.

Isimo senhlalo emzini kaBafana Ngubane.
Emzini kaBafana bayizigwili, bafundile, abanabo ubuntu, ababambisene kugcina kuhlakazeke umuzi.

- Ukungemukeleki kukaCele emzini kaBafana.
- Ukungabingeleli komakhelwane eMlazi ngabakwaNgubane.
- Ukunqaba kukaPoppie ukuthatha izingane zikaLinono.
- Ukungalaleli kukaPoppie uNgubane ngodaba lokuqolwa kwemali kaMaXakushe u-Euthenasia.
- Ukuxoshwa kukaMaXakushe ngenxa yokubikela uNgubane udaba kuqala kanti uPoppie nguyena obheka izingane.
- Ukweqa kuka-Euthenasia ekhaya.
- Ukuhamba kukaNgubane ekhaya emva kokuba uPoppie ethengele izingane imoto bengavumelananga wagcina edube ikhaya wabuyela eMlazi.
- Ukuphelelwa kukaNgubane umsebenzi emva kokuhluleka ukufunda izincwadi.
- Ukuntshontshwa kwemoto kaNgubane uNkebelele kwenza aphelelwe yindawo kwaMaMthunzi
- Ukulimaza imoto kaSibeko nekaMaMsibi kwenza aphelelwe indawo kwaMashu uNgubane

Isimo senhlalo eMpaphala
Emzini kaCele eMpaphala bawumndeni oswele kodwa ohleli ngokuzwana, ngokuthula, bazisa amasiko, bayakholwa, futhi banoxolo.

- Ukwamukelwa nokwenzelwa isiphandla kuka-Euthenasia.
- Ukwamukelwa kukaNgubane noMaMthimkhulu nokuhlangana komndeni.
- Ukungenela kukaZithelile ubukhansela ukuze kusizakale umphakathi wakubo.
- Ukukhuliswa kwabazukulu bakaBafana uCele.
- Ukufundela kukaBafana umsebenzi wokuba umlimi ukuze engamele amapulazi oHlanganisani.

(Namanye amaphuzu asekela isizinda ayokwamukelwa)

ISIPHETHO (Uvo lohlolwayo)
Isizinda sale noveli siyibumbe kahle indaba. Indawo nenkathi kanye nesimo senhlalo kule ndaba kuyakholeka futhi kuyahambelana.

(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.) **[25]**

UMBUZO 13 (UMBUZO OMFUSHANE)

***IMPI YOMDABU ISETHUNJINI* – JC Buthelezi**

13.1 Wethuswa imiswenko yendodana yakhe ayengazi ukuthi iyithenge ngani futhi nemali yabe iyithathephi. √ (1)

13.2 Ludalwa ukunyamalala kuka-*Euthenasia.* √ Wayengakholwa ukuthi ibhoxongwane elife engozini yemoto kungabe indodana yakhe. √ Uyazibuza uyaziphendula ukuthi abathinte yini abameli bakhe kodwa wabuye wazikhuza. √ (3)

13.3 Siphethe ngodweshu lwangaphandle phakathi kukaBafana no-*Euthenasia* babanga ukunyamalala kuka-Euthenasia engashongo ukuthi uyaphi. U-Euthenasia agcine ngokumphendula ukuthi uphuma esikoleni.√√ (2)

13.4 La magama agqamisa umoya wentukuthelo. √ UNgubane uyalela u-*Euthy* ukuba ahlale phansi emva kokunyamalala engazi ukuthi ubekuphi.√ U-Euthenasia kuyamjabulisa ukubona ubaba wakhe ethukuthele. √ Ngokuka Euthy wayengalindele ukuthi kungaba ubaba wakhe owayengambuza ukuthi uphumaphi ngoba wayengabakhathalele. √ (4)

13.5 Izinga lenkampani laselithuthuka sekufuneka abanezinga elingcono ayengenalo uJohn Ngubane.√ Inkampani yamcela ukuba ayozithuthukisa ngokwezemfundo, wanikwa izincwadi ayezozifunda. Kwafika uPoppie wazithatha ehhovisi lakhe, wahamba nazo wase emtshela ukuthi usezishisile.√ Wazama ukuthenga ezinye wathola eyodwa kuzona wase edikibala wangabe esaya emsebenzini, wagcina ngokubuyisa zonke izinto zenkampani wesula emsebenzini.√ (3)

13.6 Wawuzoba mubi ngoba uPoppie wayengazithandi izingane zikaLinono kwakwala noma bemncenga emsebenzini ukuthi makazithathe Wayengathutha noma agcine ehlukanisile emshadweni. √√

NOMA

Wawungaba muhle ngoba uPoppie wayezogcina eseguqukile esezithanda izingane ngenxa yokuziphatha kukaHlanganisani no-Uzithelile.√√ (2)

13.7 Bobabili basebebadala benobuntu nothando lwezingane zikaBafana, benenkolelo ethi uma singabantu kumele sisizane.√ UMaXakushe nguyena owayefundisa izingane umsebenzi wasekhaya abazali bengekho besemsebenzini √ kanti uCele nguyena owasiza u-Euthenasia wamthandazela kwanqamuka ukucinana kwesifuba, wamenzela nesiko.√ (3)

13.8 Simveza njengomlingiswa odelelayo/ongahloniphi.√ Uma ubaba wakhe embuza ukuthi uphumaphi ukamphenduli kuphela uqudula umlomo.√ (2)

13.9 Ngiyavumelana ngoba upholovuthondaba lulapho kubuyisana umndeni kaCele nokaBafana. UPoppie noBafana badayisa umuzi waseLa Lucia bayohlala eMpaphala, uBafana wafundela ezolimo uPoppie wathola umsebenzi wokufundisa.√√ (2)

13.10 Isethulo sale noveli kulapho uBafana exosha umalume wakhe ngoba ethi akashongo ukuthi uyeza nokuthi akathathe izingane zikaLinono.√ Ngokwamagugu akwamukelekanga ukungazamukeli izingane zikadadewenu azitholele ekhaya.√ UBafana usekhohliwe ukuthi naye wakhuliswa uyena umalume wakhe njengoba basebeshonile abazali.√ (3)
[25]

UBUCIKO BOMLOMO

***UJU LWEZIZUKULWANE* – KL Makhoba**

UMBUZO 14 (UMBUZO OMUDE)

INGANEKWANE:

QAPHELA:
- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kulobu buciko bomlomo kubhekwa indawo, inkathi kanye nesimo senhlalo okuyizingxenye zesizinda.
- Ukuma kwempendulo yombuzo omude:
  - ❖ Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze isizinda.
  - ❖ Umzimba: Ohlolwayo makaphendule agxile kokubuziwe.
  - ❖ Isiphetho sempendulo (uvo lwakho): Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe mayelana nesizinda salobu buciko bomlomo.

ISINGENISO
Isizinda sahlukaniswe izingxenye ezintathu kanje:

- Indawo: Lapha kubhekwa ukuthi indaba yenzeka kuyiphi indawo okungaba indawo yasemakhaya noma yasemadolobheni.
- Isikhathi: Lapha kubhekwa ukuthi indaba yenzeka ngasiphi isikhathi okungaba isikhathi samanje noma sakudala.
- Isimo senhlalo nesezinto: Lapha kubhekwa indlela abalingiswa abaphilisana ngayo, abenza ngayo izinto nabaziphatha ngayo. Kungaba (isimo somnotho, ukuzicabangela wena, isibindi, amasiko, ukuzwelana, esezombangazwe/ mbusazwe).

Abahlolwayo bangasebenzisa la maphuzu alandelayo amayelana nesizinda sale noveli.

UMZIMBA

- **Indawo**
  Indawo kule nganekwane iyathutha. Inganekwane yenzeka ezindaweni ezahlukene. Yenzeka emhlabeni, ehlathini, emgodini, emkhathini kanye nasesibhakabhakeni.

- Izilwane zonke zazihlala ehlathini, yindawo lapho izinyoni zasukela khona ngelanga lomcintiswano wokubekwa kwenkosi.
- Yenzeka nasezulwini lapho uMdali ayehlala khona nalapho izinyoni ezazindiza zize zifike khona, eyofika khona kuqala yayiyoba yinkosi yezilwane.
- Emgodini wemvukuzane kwaba yindawo lapho ungcede abaleka wazithukusa khona ngenkathi exoshwa yiqola.

- **Isikhathi**
  Le nganekwane yenzeka esikhathini sasemandulo.

- Izinyoni zazisazwana zonke, Izilwane zisakhuluma, izinyoni zakhuluma noMdali zikhonondela ukubuswa yibhubesi.
- Umdali wanquma ukukhetha inkosi yezinyoni njengesicelo sezinyoni lapho kwaphumelela ungcede ngobuqili.
- Wabaleka ungcede wacasha emgodini wemvukuzane, izinyoni zanquma ukubeka isikhova ukuthi siqaphe lo mgodi kodwa wazumeka. Wathola ithuba lokubaleka ungcede.
- Kwaqala kanjalo ukuthi isikhova silale emini sikhululeke ebusuku lapho ezinye izinyoni zisalele.

- **Isimo senhlalo**
  Sishubile ngoba izinyoni azanelisekile yisenzo soMdali sokukhetha ibhubesi ukuba libe yinkosi yazo ngoba aliyazi impilo yezinyoni.

- Zathukuthela izinyoni, iqola lathukuthela ngokweqile lafuna ukumbamba limchome emthini. Kwasuka lapho ukuthi iqola lihlasele ungcede limchome emthini limudle noma esebolile.
- Izinyoni zathukuthela ngoba ukhozi lingawenzanga umsebenzi elaliwunikwe wona zase zisishaya, sabaleka.
- UMdali uthe esekhetha inkosi yazo ingxabano yakhula ngoba ungcede waqokwa waba yinkosi yezilwane ngobuqili.
- Izinyoni zamshaya wabaleka wagcina eseyisitha esikhulu seqola.
- Isikhova naso saba yisitha sazo zonke izinyoni ngoba sayeka ungcede ukuba aphunyuke.

IZIBONGO:

- **Indawo**
  Lezi zibongo zenzeka endaweni yaseNingizimu Afrika.

- Yenzeka endaweni yasemadolobheni lapho kuhlangana khona izinhlanga eziningi ezahlukahlukene kepha ezihlala endaweni eyodwa.
- Le ndawo yenza abantu bafune ukuziguqula ebuhleni bobuzwe babo baphile impilo yabanye abantu asebebonakala sengathi bahle.

- **Isikhathi**
  Lezi zibongo zenzeka esikhathini samanje lapho sekuneholide lokugubha usuku lamagugu.

- Izinhlanga ezahlukahlukene zithola ithuba lokukhumbula nokugubha ubuzwe bayo.
- Kulezi zibongo abantu bathola ithuba lokuba bakhumbule imvelaphi yabo ngoba iningi labo seliphila ngamasiko ezinye izizwe ikakhulukazi ulimi abalukhulumayo akusilona olwabo.
- Kulezi zibongo abantu sebehliswa isithunzi ngoba baqhathaniswa futhi balindeleke ukuthi bafane nabakhangisi ababizwa ngamamodeli baze bazinyeze.
- Njengoba kulesi sikhathi sekuhlangene izinhlanga lolu suku kukhuthazwa ukuthi abantu bazigqaje baveze ubuzwe babo ikakhulukazi ngemvunulo yabo.
- Yize abantu behlukene bakhuthazwa ukuba bahlalisane ngokuthula ngoba baphila esikhathini samanje lapho behlala ezweni elilodwa laseNingizimu Afrika elihlanganise izinhlanga zahlukene. Ezinamagugu ahlukahlukene.

- **Isimo senhlalo**
  Isimo senhlalo sinokuthula

- Abantu bezinhlanga ezahlukene banikwa ithuba lokugubha amasiko abo.
- Ubumbano nenjabulo kuyabonakala ngoba zonke lezi zinhlanga zibumbene yize zahlukene ziphila ezweni elilodwa.

ISIPHETHO (UVO LOHLOLWAYO):
Isizinda salobu buciko bomlomo sibumbeke kahle kule nganekwane kanye nezibongo. Indawo nenkathi kanye nesimo senhlalo kuyakholeka futhi kuyahambelana.

(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.) **[25]**

NOMA

UMBUZO 15 (UMBUZO OMFUSHANE)

ISIQESHANA E

IZINGANEKWANE: UNOGWAJA NEBHUBESI

15.1 Onogwaja abaningi bafa besebancane ngakho-ke kufanele bahlakaniphe basebenzise ingqondo uma besenkingeni.√ (1)

15.2 Bobubili lobu buciko bomlomo bumayelana nokukhathazeka ngenxa yokufa.√√ Enganekwaneni onogwaja abaphili isikhathi eside ehlathini ngoba bafa besebancane kanti nakuleli hubo kunokukhathazeka ngenxa yokuncipha kwabantu ngenxa yokufa.√ (2)

15.3 Lesi sisho sichaza ukuba namandla√ ngakho-ke ezinye izilwane zazazi ukuthi ibhubesi linamandla uma zingase zilisize lalingagcina lizibulele uma selikhululekile√ kanti ligcina libuyele esihibeni ngoba lazama ukubulala abantwana bakanogwaja ngemuva kokuthi elisizile ngokusebenzisa amandla alo.√ (3)

15.4 Umhobholo awufuneki.√ Ibhubesi lasizwa ngunogwaja kepha lagcina libuyele esihibeni ngenxa yomhobholo ngoba lafuna ukubulala izingane zakhe unogwaja owayelisizile.√ (2)

KANYE

ISIQESHANA F

IZINGANEKWANE: INKINGA YESELESELE

15.5 Ubhekene nenkinga yokuhlaselwa yizinduna indlovu kanye nengwenya ezifuna akhokhe intela.√ (1)

15.6 Amandla nobuqili.√ Iselesele lakhohlisa indlovu lathi seliyikhokhile imali yentela kanti ULuthuli waphendukela abelungu walelwa abantu bamnyama. √ (2)

15.7 Yixoxo linezindawo eziningi elingaphila kuzo lingabi nankinga, liyaphila emhlabeni, liphile emanzini liphinde likwazi ukuphila naphansi komhlabathi.√√ (2)

15.8 Ixoxo lathola indlela yokuphunyuka ezinduneni zamakhosi ngokuthi libalekele emgodini√ okwagcina kwenze ixoxo ukuthi liphile ezindaweni ezahlukahlukene, emanzini emhlabeni kanye nasemgodini.√ (2)
[15]

KANYE

ISIQESHANA G

IZIBONGO, AMAHUBO NEZISHO

15.9
- Umkhombi wendlela ayikhathule,
  Umhambi wendlela ayikhombile.√
- Kugcizelela/kugqamisa ukubonisa kwakhe okufanele bakwenze naye akufeze, angagcini engakuqedanga ukulwela impumelelo njengoba ekusungulile.√ (2)

15.10 Lesi sisho sichaza ukuqhubeka nokwenza into noma kunzima.√ La mazwi abe nomthelela wukuthi u-Albert Luthuli ungomunye wabaholi abasebenza kanzima ukulwa nobandlululo olugcine lufikise iNingizimu Afrika embusweni wentando yeningi.√ (2)

15.11 Ukuxhumana kulezi zibongo namahubo kungilekelele ukuba ngiqonde ubunzima obabubhekene noLuthuli ekukhululeni abantu abamnyama engcindezelweni. √√ (2)

15.12 Uvezwe njengomuntu ohlakaniphile√ ngoba ukwazile ukuthola indlela ephusile yokunqoba ngokusebenzisa isikhali esiyimfundo waze wasiza nabanye abantu ukuze babone indlela yenkululeko enobuhlakani.√ (2)

15.13 Yebo ngoba lesi sisho ukubhekana nesimo esilukhuni.√ Kanjalo no-Albert Luthuli wayebhekene nesimo esinzima sokulwa nobandlululo e-Afrika ukuze kube nokuthula. √ (2)

[25]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 25

ISIQEPHU C: UMDLALO

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

UMBUZO 16 (UMBUZO OMUDE)

KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo

QAPHELA:
- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kulo mdlalo kubhekwa impumelelo yombhali ekubumbeni isakhiwo somdlalo.
- Ukuma kwempendulo yombuzo omude:
  - ❖ Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze isakhiwo.
  - ❖ Umzimba: Ohlolwayo makaphendule agxile kulokho okubuziwe.
  - ❖ Isiphetho sempendulo (uvo lohlolwayo): Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe ngempumelelo yombhali ekubumbeni isakhiwo somdlalo.

ISINGENISO:
Isakhiwo sinamazinga alandelayo:
- Isethulo: Yilapho sethulelwa ummeleli, imbangi, isizinda kanye nesisusa sodweshu.
- Ukubhebhetheka kodweshu: Lapha sibheka indlela indaba ekhula ngayo kususelwa enkingeni evezwe ekuqaleni.
- Isixakaxaka: Esinye isigameko/izigameko ezivelayo ebezingekho uma iqala inkinga yommeleli ezenza kube khona ukungqubuzana kubalingiswa. Esikhundleni sokuthi ummeleli abhekane nenkinga eyodwa uvele axakwe izinkinga nxa zonke.
- Uvuthondaba: Yilapho indaba isuke isisesicongweni. Lapha kusuke sekwenzeka isehlakalo sokugcina noma esikhulu kummeleli sekumele kube nesixazululo.
- Isiphetho: Lapha kusekupheleni kwendaba. Isigameko sokugcina esibuyisela izinto esimweni esijwayelekile njengoba sasinjalo ngaphambi kwesisusa sodweshu.

Abanye abalingiswa bayaxolelana, bayazisola noma bayabuyisana.

UMZIMBA
- **Isethulo**
  - ❖ Lapha sethulelwa umlingiswa ongummeleli uMdaluli Memela ekhaya lakhe kwaChappies.
  - ❖ Ubhekene nenkinga yokudilizwa emsebenzini.

- **Isisusa sodweshu**
  - ❖ Iphupho aliphuphile lesiphepho elimxakayo angakwazi ukulichaza. Leli phupho uze ulixoxela umngani wakhe uMbhebhezeli omeluleka ngokuthi akathenge UNGQEQE INCWADI YAMAPHUPHO.
  - ❖ Emva kwalokho useyadilizwa emsebenzini ngenxa yokuthi ifemu abesebenza kuyona isibuyela phesheya.
  - ❖ Lo mdlalo wenzeka elokishini lakwaChappies ngesikhathi samanje lapho sekunabantu abaningi ababuya kwamanye amazwe njengaseMozambikhwi.

- **Ukubhebhetheka kodweshu**:
  - ❖ UMdaluli emva kokuphelelwa umsebenzi, uzama imizamo yokuziphilisa nomndeni wakhe kodwa uyehluleka.
  - ❖ UChivenga weshela uHlengiwe elindele isoka lakhe uManqina.
  - ❖ UChivenga unxusa umsebenzi woMnyango wezaseKhaya uHeshane ukuba benze umgunyathi wokumshadisa noHlengiwe engazi ukuze athole ubuzwe baseNingizimu Afrika.
  - ❖ Umndeni kaMdaluli uhleli uyazincokolela, uMdalluli uthola ukuthi ubhekene nesikweletu esiyizinkulungwane ezingama-30 000 zamarandi ekolishi okufunda kulona uLondiwe.
  - ❖ UMdaluli uba nolaka uma ethola ukuthi uChivenga ambiza ngekwerekwere usemthathele umsebenzi emzini lapho ebethenjiswe ukwakha khona ngenxa yokuthi yena uMdaluli ufike ngemva kwesikhathi.
  - ❖ UMdaluli uthakatha uChivenga ngemuva kokubonisana noMbhebhezeli. UChivenga uyagula uze ulaliswa esibhedlela. o Izinkinga zikaMdaluli ziyanda, akawatholi amakhasimende azowakhela izindlu.

- **Isixakaxaka:**
  - ❖ UMdaluli uqala uba nodlame emzini wakhe, ukuthula noxolo kuyaphela.
  - ❖ UMdaluli uhlukumeza umkakhe uMaMlanduli ngokuqophisana naye, wala ukudla aphakelwe kona ekhaya.
  - ❖ UMdaluli ufuna indabandaba ngenkani uze ushaya inkosikazi yakhe uMaMlanduli phambi kwezingane.
  - ❖ ULondiwe indodakazi yakhe imbizela amaphoyisa, uyaboshwa.
  - ❖ UMdaluli ugcina enza isu lokuncenga uLondiwe ukuthi esule icala.
  - ❖ UMdaluli uphuma ejele uqala ukuhlukumeza izingane uze uzixosha ngesibhamu.
  - ❖ Izelamani zakwaMemela zibikela uZenyezile onguSonhlalakahle emahhovisi ezenhlalakahle ngenkinga kanina uMaMlanduli ongafuni ukuthathela uyise uMdaluli izinyathelo zomthetho.
  - ❖ UMdaluli ulalela uChivenga unyendle ehlathini laseMphekandlubu efokozini lotshani obude umgokloza umhlane ngemolontshisi umgqema nengozi ekhanda, uphinda uyaboshwa futhi.
  - ❖ UHlengiwe uvakashela uChivenga osanda kuphuma esibhedlela, umxoxela ngenkinga anayo yepasi osekuze kwaba amahlandla amathathu libuya linamaphutha okubhalwa isibongo sikaChivenga.
  - ❖ UChivenga ucela uHlengiwe ukuba angabe esalishintsha ipasi lakhe. Bayavumelana.

- **Uvuthondaba**
  - ❖ UMdaluli ngenkathi esejele ucela ukubizelwa abantu abonile ukuze axolise kubona.
  - ❖ Ucela uxolo emndenini wakhe ngodlame lwasekhaya ayelubhekise kuwona. Bayamxolela.
  - ❖ Ucela uxolo nakuChivenga ngokucishe ambulale.
  - ❖ UChivenga uyamxolela uze uyalesula necala.

- **Isiphetho**
  - ❖ Lo mdlalo uphela ngepholavuthondaba.
  - ❖ Emva kokuthi uMdaluli ephume ejele esexolelwe nayilabo ayebonile uthola umsebenzi, uthatha iholide uya eSudan.

- ❖ Kuzamazama umhlaba akwaziwa okwenzeka, okungenzeka ukuthi uMdaluli wagqibeka.
- ❖ UMaMlanduli kanye nezingane zakhe bayazibuza bayaziphendula bathi: 'Kudela Owaziyo' ukuthi uMdaluli angabuya eseguqukile yini uma angase anikwe elinye ithuba lokuphila ngokuthi aphephe engozini yaseSudani.

ISIPHETHO (UVO LOHLOLWAYO):
Umbhali uphumelele kahle ukubumba isakhiwo salo mdlalo. Amazinga esakhiwo anikezelana kahle ukusuka esingenisweni kuze kufinyelele esiphethweni. Inkinga uMdaluli abebhekene nayo esingenisweni iyaxazululeka esiphethweni.

(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.) **[25]**

UMBUZO 17 (UMBUZO OMFUSHANE)

***KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo**

17.1
- Imisebenzi yakhe isimile njengoba esesibhedlela.√
- uxakwe yisifo esimphethe ngoba akazi ukuthi usithole kanjani.√ (2)

17.2 Ithoni yenhlonipho.√ UMbhebhezeli akazalani noChivenga kodwa akamcwasi, akamthathi njengomuntu odabuka kwelinye izwe.√ (2)

17.3 Uvezwe ngezenzo kanye nangenkulumo yakhe.√ Unobuntu kanye nozwelo ngoba uvakashela uChivenga esibhedlela uphinde uyamduduza kulesi simo sokugula, uyamkhuthaza ngokumtshela ukuthi umphakathi uyamthanda umxazulela nenkinga anayo ngokumtshela ukuthi uyazi ukuthi lesi sifo anaso usithole kanjani.√ (2)

17.4
- Upha amakhosi, izinduna, namakhansela utshwala.√
- Ubiza kancane uma akhela abantu izindlu futhi abakhokhise nangesikweletu.
- Unikela umthamo obhekekile esontweni/okweshumi enkonzweni.√
- Uhlangana nomsebenzi wezasekhaya kuphuma isitifiketi sokushada noHlengiwe.√ (4)

17.5 Umbhali uhlose ukuthi ukusitshela ukuthi uma wenzakalelwe into ebuhlungu/embi akusho lokho ukuthi kumele ukukhiphele kwabanye abantu lobo buhlungu. √ UMdaluli emuva kokudilizwa emsebenzini uhlukumeza umndeni wakhe kanye nomphakathi. √ (2)

17.6 ULondiwe akakuvumeli ukuba uyise ahlukumeze umama wabo phambi kwabo beyizingane.√ ULondiwe ugcizelela ukuba aboshwe uyise nakuba uMaMlanduli waye mvikela uMdaluli.√ UMdaluli uxosha izingane zakhe emva kokuba ebuya ejele, uLondiwe uyobikela uSozonhlalakahle ngesenzo sikayise ngaphambi kokuba baye kohlala komalume.√ (3)

17.7 Isigameko esifihlelwe uChivenga ngesokuthi nguyena uMbhebhezeli ogqugquzela ukucwaswa kukaChivenga umbiza ngekwerekwere√ futhi ucebisa noMdaluli ukuthi bamxoshe endaweni.√ Nguyena owayengubhongoza ecebisa futhi egqugquzela uMdaluli ukuthi athakathe uChivenga uze umbiza nangosathane.√ (3)

17.8 Yebo, kumele umuntu axolelwe emaphutheni awenzile ukuze kube nokuthula nokuzwana.√ UMaMlanduli njengonkosikazi kaMdaluli ube yisibonelo esihle ezinganeni ukubonisa ukuzithoba nokuhlonipha uMdaluli.√
(Nezinye izimpendulo ezinembayo zokwamukeleka) (2)

17.9 Ngiyavumelana, izigameko zithathe isikhathi esifushane okungacishe kube yinyanga.√ UMdaluli uyadilizwa emsebenzini, uhlukumeza umndeni wakhe kanye noChivenga okwaholela ukuthi aboshwe kabili.√ Uyakhululwa , avakashele eSudan lapho kube nokuzamazama komhlaba, akwaziwa ukuthi usindile yini kulesi sehlakalo.√ (3)

17.10 Umbhali uphumelele kahle ukwethula isikhathi samanje√ ngoba ukubizwa kwabokufika ngamagama okucwaswa kuvamile esikhathini samanje njengoba uChivenga ebizwa ngekwerekwere.√ (2)
[25]

UMBUZO 18 (UMBUZO OMUDE)

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

QAPHELA:
- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kulo mdlalo kubhekwa impumelelo yombhali ekubumbeni isakhiwo somdlalo.
- Ukuma kwempendulo yombuzo omude:
  - ❖ Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze isakhiwo.
  - ❖ Umzimba: Ohlolwayo makaphendule agxile kulokho okubuziwe.
  - ❖ Isiphetho sempendulo (uvo lohlolwayo): Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe ngempumelelo yombhali ekubumbeni isakhiwo somdlalo.

ISINGENISO:
Isakhiwo sinamazinga alandelayo:
- Isethulo: Yilapho sethulelwa ummeleli, imbangi, isizinda kanye nesisusa sodweshu.
- Ukubhebhetheka kodweshu: Lapha sibheka indlela indaba ekhula ngayo kususelwa enkingeni evezwe ekuqaleni.
- Isixakaxaka: Esinye isigameko/izigameko ezivelayo ebezingekho uma iqala inkinga yommeleli ezenza kube khona ukungqubuzana kubalingiswa. Esikhundleni sokuthi ummeleli abhekane nenkinga eyodwa uvele axakwe izinkinga nxa zonke.
- Uvuthondaba: Yilapho indaba isuke isisesicongweni. Lapha kusuke sekwenzeka isehlakalo sokugcina noma esikhulu kummeleli sekumele kube nesixazululo.
- Isiphetho: Lapha kusekupheleni kwendaba. Isigameko sokugcina esibuyisela izinto esimweni esijwayelekile njengoba sasinjalo ngaphambi kwesisusa sodweshu.

Abanye abalingiswa bayaxolelana, bayazisola noma bayabuyisana.

UMZIMBA:

- **Isethulo**
  Lapha sethulelwa umlingiswa ongummeleli uSalimani obhekene nenkinga yokuthi uHulumeni uthumela uZithulele ukuba amtshele ngodaba lokuklanywa kabusha kwemingcele yendawo yesizwe sakhe. Yonke ingxabano ekhona kulo mdlalo izungeza kule nkinga yokuklanywa kabusha kwemingcele. Umdlalo uthi uqala nje sekukhona ukungezwani phakathi kukaHulumeni wabelungu nabantu abamnyama ababuswa inkosi uSalimani. Lo mdlalo wenzeka ngesikhathi sakudala, sobandlululo kusabusa amakhosi, ekufikeni kwabamhlophe bezimisele ukuthatha izwe lakuleli.

- **Isisusa sodweshu**
  - ❖ Okuyisisusa sodweshu kulo mdlalo ukumenywa kukaSalimani nguZithulele eMshwathi ukuba azomchazela ngemingcele nokuthi uhulumeni usefuna ukuba ihlelwe kabusha imingcele.
  - ❖ USalimani ushaya phansi ngonyawo uthi ngeke kwenzeke lokho ngoba izwe ngelabantu banke hhayi abelungu.

- **Ukubhebhetheka kodweshu**
  - ❖ UZithulele noHulumeni baqhubeka nesinqumo sabo sokusika/sokuklama kabusha imingcele.
  - ❖ Bahlula ngisho uSalimani, abafowabo, izinduna nesizwe sakhe bezama ukubamba imihlangano eyahlukene ukuze babonisane ngalolu daba.

- **Isixakaxaka**
  - ❖ USalimani uthola ukuthi enye yezinduna zakhe uMphiliphili isiyimbuka ihambisana nabelungu bamapulazi.
  - ❖ USalimani usebenzisa ukuhlakanipha ngosuku lokhetho.
  - ❖ UMphiliphili ufaka ubhontshisi omhlophe ngosuku lokhetho okwakuwuphawu lokuhambisana noHulumeni.
  - ❖ Ngemuva kokuhlawula uMphiliphili utholakala ehamba nabantu basemapulazini abazohlasela abantu benkosi uSalimani kwaMcondo. Ukhuza kuphela amabutho kaSalimani ngenkathi kuliwa.
  - ❖ Inkosi uSalimani ungummangalelwa ecaleni labantu bayo abahlaselwe abakaMgqabula. Ithola isigwebo esiyiphuca uMngeni, uMkhabela noVimbingwenya.
  - ❖ UNomehlo uyaboshwa ngoba uhubise wavivisa amabutho, ugwetshwa izinyanga eziyisithupha edonsa kanzima ejele.
  - ❖ Amabutho agwetshwa izinyanga ezintathu, isigwebo silengiswa izinyanga eziyisithupha engatholakali enecala.

- **Uvuthondaba**
  - ❖ Inkosi uSalimani iphucwa izwe ngeqhinga likaHulumeni lokuthi amangalelwe ecaleni ayengathintene nalo lokulwa kwabantu bakhe nabakaMgqabula.

- **Isiphetho**
  - ❖ Umdlalo uphetha ngengwijikhwebu. Inkosi uSalimani ithethwa amacala ibuyiselwa umhlaba wayo ijaji lenkantolo eMgungundlovu. Ibalazwe lemingcele laseMshwathi liba usizo enkosini uSalimani ngenkathi ijaji lithatha isinqumo. UHulumeni utholwa enecala lokuthatha imingcele yeNkosi uSalimani, ukhokhiswa nezindleko zecala.

ISIPHETHO (UVO LOHLOLWAYO):
Umbhali uphumelele kahle ukubumba isakhiwo salo mdlalo. Amazinga esakhiwo anikezelana kahle ukusuka esingenisweni kuze kufinyelele esiphethweni. Inkinga inkosi uSalimani ebibhekene nayo esingenisweni iyaxazululeka esiphethweni.

(Ohlolwayo mababeke uvo lwabo, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.) **[25]**

UMBUZO 19 (UMBUZO OMFUSHANE)

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

19.1
- ❖ UHulumeni useyamephuca ezinye zezindawo zakhe uzinika abelungu bakubo.√
- ❖ UHulumeni uthi umngcele ukube awushintshwanga uzamcolo leyo ndawo ngabe kusengeyabelungu bamapulazi.√ (2)

19.2 Ithoni yentukuthelo.√ Abantu badinwa isenzo sobuqili nobuxoki esenziwa ngabelungu sokubaphuca umhlaba wabo.√ (2)

19.3 Uvezwe ngenkulumo yakhe enozwelo.√ Unobuntu nozwelo uyakwazi ukucebisa abantu abasengcupheni yokuthathelwa indawo aphinde abonise ukukhathazeka kwesizwe sonke naye uqobo yize kungeyona indawo ahlala kuyona.√√ (2)

19.4
- ❖ Waqale wabizwa nguZithulele eMshwathi, wabizwa nguSomtsewu bemcela ukuba angabayekeli kule nkinga yezwe abalibanga noSalimani.√
- ❖ UNgoza wamgidlabeza ngopondo abahlanu wathi yisipho sakhe sikaKhisimuzi asiphiwa nguSomtsewu.√
- ❖ UMgqabula wathumela indlezane athi umsisela ngalo.√
- ❖ UMgqabula waphinde wamupha amashumi amabili opondo athi yisipho sakhe esivela kuHulumeni.√ (4)

19.5 Umbhali uhlose ukubonisa ukuthi izenzo zobuqili aziphumeleli,√ isenzo sikaHulumeni sokufuna ukuthatha izwe likaSalimani ngobuqili sabhuntsha kwagcina kunqobe uSalimani.√
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwemukeleka) (2)

19.6 UMphiliphili wandise izinkinga embusweni kaSalimani ngoba wavuma ukuthengwa ngabelungu yize ayeyinduna yenkosi.√ USalimani wayesabhekene nenkiyankiya yokuvikela izwe lakhe kuHulumeni edinga ukwesekwa yizinduna zakhe zonke kepha uMphiliphili wayehlanganyela nabelungu engathembekile eNkosini.√ Wagcina eseseka abelungu ngokubavotela ukuze bathathe umhlaba kaSalimani.√ (3)

19.7 Isigameko esifihlelwe uZithulele esokuthi uSalimani wanquma ukubiza imbizo lapho kuzohlangana khona bonke abantu watshela uZithulele ukuthi abantu mabazikhethele ukuthi bayafuna yini ukuwela uMngeni.√
Wasebenzisa indlela yokuthi bakhethe ngokusebenzisa isu likabhontshisi omnyama nomhlophe.√
Abathi umngeni awuwelwa bazothatha omnyama bawuphose esikhambeni kanti abathi mawuwelwe bazophosa omhlophe kwesinye isikhamba.√ (3)

19.8 Yebo, kumele umuntu axolelwe emaphutheni awenzile ukuze kube nokuthula nokuzwana.√ USalimani njengenkosi wakwazi ukuhola isizwe ngokuthula ngokuxolela uMphiliphili nakuba eyinduna yakhe kodwa evume ukuthengwa ngabelungu.√
(Nezinye izimpendulo ezinembayo zokwamukeleka) (2)

19.9 Ngiyavumelana ngoba izigameko zilandelana ngokushesha okukhulu okungacishe kube yizinsuku noma inyanga okuyisikhathi esifushane.√ UZithulele wazisa uSalimani ukuthi ezinye izindawo zakhe uHulumeni useyazithatha uzinika abelungu, uSalimani ubonisana nabafowabo kanye nesizwe sonkana ngalesi sinqumo banquma ukuvota bayaphumelela.√ Kuyaliwa baze bafakane ezinkantolo benoZithulele, uSalimani ligcina limthethile icala.√ (3)

19.10 Umbhali uphumelele kahle ngoba lo mdlalo wenzeka enkathini yakudala ngesikhathi senguquko kusanda kufika abelungu√ ababephuca abantu imihlaba yabo njengoba benza endaweni kaSalimani.√ (2)
[25]

UMBUZO 20 (UMBUZO OMUDE)

***UBHUKU LWAMANQE* – EJ Mhlanga**

QAPHELA:
- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kulo mdlalo kubhekwa impumelelo yombhali ekubumbeni isakhiwo somdlalo.
- Ukuma kwempendulo yombuzo omude:
  - ❖ Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze isakhiwo.
  - ❖ Umzimba: Ohlolwayo makaphendule agxile kulokho okubuziwe.
  - ❖ Isiphetho sempendulo (uvo lohlolwayo): Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe ngempumelelo yombhali ekubumbeni isakhiwo somdlalo.

ISINGENISO:
Isakhiwo sinamazinga alandelayo:
- Isethulo: Yilapho sethulelwa ummeleli, imbangi, isizinda kanye nesisusa sodweshu.
- Ukubhebhetheka kodweshu: Lapha sibheka indlela indaba ekhula ngayo kususelwa enkingeni evezwe ekuqaleni.
- Isixakaxaka: Esinye isigameko/izigameko ezivelayo ebezingekho uma iqala inkinga yommeleli ezenza kube khona ukungqubuzana kubalingiswa. Esikhundleni sokuthi ummeleli abhekane nenkinga eyodwa uvele axakwe izinkinga nxa zonke.
- Uvuthondaba: Yilapho indaba isuke isisesicongweni. Lapha kusuke sekwenzeka isehlakalo sokugcina noma esikhulu kummeleli sekumele kube nesixazululo.
- Isiphetho: Lapha kusekupheleni kwendaba. Isigameko sokugcina esibuyisela izinto esimweni esijwayelekile njengoba sasinjalo ngaphambi kwesisusa sodweshu.

Abanye abalingiswa bayaxolelana, bayazisola noma bayabuyisana.

UMZIMBA:

- **Isethulo**
  Umdlalo othi, 'Ubhuku Lwamanqe' ungenisa ngokusivezela ummeleli noma umdlali oqavile onguPhindisiwe ongumshadikazi kwaMathonsi futhi osebenza ebhange *iForum.* UPhindisiwe Mathonsi ungummeleli ngoba umdlalo ugxile kuyena. UPhindisiwe uvezwa anenkinga abhekene nayo. Insizwa ebizwa ngelikaNkululeko eyayisinqandamathe sakhe noma ishende lakhe phambilini isifuna ukuba babuyelane bathandane.

- **Isisusa sodweshu**
  - ❖ Okuyisisusa sodweshu imfihlo phakathi kukaPhindisiwe noNkululeko. Kuningi abakwenza ngasese kodwa uNkululeko asefuna ukukudalula: *isib,*
  - ❖ UPhindisiwe noNkululeko benza ubugebengu kwashayiseka ngane thizeni ngemoto yashona. UNkululeko uyena owathwala icala, waboshwa. Wadonsa iminyaka emithathu. Walahlekelwa nangumsebenzi.
  - ❖ Nanamhlanje akukatholakali ukuthi uPhindisiwe owangumshayeli waleyo moto.
  - ❖ UNkululeko ufuna ingane yakhe kuPhindisiwe, eyanikezwa uThamsanqa owayeseshade noPhindisiwe.

- **Ukubhebhetheka kodweshu**
  - ❖ Udweshu luyabhebhetheka ngenkathi uNkululeko eya kwaMathonsi kubazali bakaThamsanqa eyofuna izingane zakhe kanye nomkakhe owayesiswe kwaMathonsi. OKaMhlongo noMathonsi bebengazi ukuthi uPhindisiwe ubenezingane azithola phambilini.

- **Isixakaxaka**
  - ❖ UNkululeko ushaya ucingo ngesifiso sokuthi lophendulwa uPhindisiwe. Kuphendula uThamsanqa. UNkululeko akakhulumi, uyanxapha kuphela. UPhindisiwe uphendula ucingo. Bayakhuluma nalo muntu oshaya ucingo. Besaxoxa oPhindisiwe noNkululeko ngeniyani uThamsanqa, abindeke uPhindisiwe kwazise ubesathi ubiza uNkululeko ngegama kodwa wangaliphimisa lonke wathi: 'Ufunani Nku …'
  - ❖ Kuxatshwane, uyalwa manje uThamsanqa ufuna uPhindisiwe aqedele igama lomuntu obekade kukhulunywa naye. Alisho uPhindisiwe kodwa aqambe amanga ngobudlelwane phakathi kwakhe nobeshaya ucingo.
  - ❖ UMaMhlongo ushaya ucingo ulubhekisa kuThamsanqa ufuna ukumazisa ngokuvasha kukaNkululeko. Ngokungazi uPhindisiwe uyaphendula. Akalindi nokuzwa ukuthi ukhuluma nobani. Ubiza uninazala ngesikhohlakali. Kubaxake oMathonsi noMaMhlongo lokho.
  - ❖ UNkululeko unikela kwaMathonsi kubo kwaThamsanqa uphethe incwadi yomshado phakathi kwakhe noPhindisiwe kanye nesithombe esisikwe ephephandabeni, 'Ifa Lamehlo' okuyisithombe sabo somshado benoPhindisiwe.

- **Uvuthondaba**
  - ❖ UPhindiswe kanye nezigilamkhuba ezingabangani bakaNkululeko noNkululeko banikela ebhange ngemuva kokuthatha okhiye ngendluzula *kuSarah.* oNkululeko bayayintshontsha imali. Ikhamera iqopha konke. Iqopha noPhindisiwe eba imali abengayifakanga yonke emshinini *we-ATM.* Bagcina ngokuboshwa.

- **Isiphetho**
  - ❖ Umdlalo uphetha ngepholavuthondaba bayagwetshwa oPhindisiwe noNkululeko. UPhindisiwe ubhala incwadi uyaxolisa kuThamsanqa. UThamsanqa uyayifunda kunqundeka amehlo, ugcina ngokuyibeka esifubeni sakhe. UThamsanqa ujeqeza emuva ekhumbula amazwi amnandi abawasho ngenkathi beshada: 'Ebumnandini nasebunzimeni, ebuhleni nasebubini size sihlukaniswe ukufa …'

ISIPHETHO (UVO LOHLOLWAYO)

Umbhali uphumelele kahle ukubumba isakhiwo salo mdlalo. Amazinga esakhiwo anikezelana kahle ukusuka esingenisweni kuze kufinyelele esiphethweni. Inkinga uPhindisiwe abebhekene nayo esingenisweni iyaxazululeka esiphethweni.

(Ohlolwayo mababeke uvo lwabo, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.) **[25]**

UMBUZO 21 (UMBUZO OMFUSHANE)

***UBHUKU LWAMANQE* – EJ Mhlanga**

21.1
- Inkosikazi yakhe uPhindisiwe yayishade kabili.√
- Lo muntu usefuna ukuthatha uZiphozonke.√ (2)

21.2 Ithoni yokucasuka.√ UNkumbulo udinwa ukuzwa uThamsanqa omtshela ukuthi uNkululeko ufuna ingane yakhe noPhindisiswe.√ (2)

21.3 Uvezwe ngenkulumo yakhe.√ uhlakaniphile ukwazile ukulalela inkinga kaThamsanqa wamxwayisa waphinde wamcebisa nangezinyathelo angazithatha ukuze asombulule inkinga yakhe.√ (2)

21.4
- Wamshayela ucingo emtshela ukuthi amkhokhele imali yakhe.√
- Wathumela uKholekile ukuba ahlele noPhindisiwe ukuthi kubulawe uThamsanaqa ukuze kutholakale imali yomshwalense bese ebulala uPhindisiwe ukuze uNkululeko athole imali yonke.√
- Wacela abangani bakhe oMaqoma ukuthi bamsize ekutholeni le mali uzobanika ingxenye yemali.√
- Watshela uPhindisiwe ukuthi makabize umngane wakhe uSarah ophatha izikhiye zasebhange okwathi angazithola wayovula ebhange wathatha imali.√ (4)

21.5 Umbhali uhlose ukubonisa ukuthi izenzo zobuqili aziphumeleli kunalokho kugcina kuboshwe abantu. Izenzo zikaPhindisiwe zokungathembeki emendweni wakhe zagcina zimfake ezinkingeni eziningi wagcina ngokuboshwa kanti noNkululeko naye wagcina ngokuboshwa ngenxa yamaqhinga akhe okufuna ukuqola uPhindisiwe abhuntsha.√ (2)

21.6 UPhindisiwe unquma ukungathembeki emshadweni wakhe ngokuba nesoka elinguNkululeko wagcina ethola uZiphozonke.√ UPhindisiwe akafuni ukutshela uThamsanqa ngezinkinga abhekene nazo kuphela umthela ngezinyembezi.√ UPhindisiwe uphindela kubo ngaphandle kwemvume. √ UPhindisiwe udelela uThamsanqa ehlangene nomama wakhe uma uThamsanqa ethi uzomlanda.√
(Okuthathu kwalokhu) (3)

21.7 Isigameko esifihlelwe uThamsanqa esokuthi Isitifiketi somshado phakathi kukaPhindisiwe noNkululeko kwakuyisitifiketi mbumbulu√ esasenziwe ngabangani bakhe behlangene nochwepheshe.√ UThamsanqa udidekile ukuthi njengoba ashada noPhindisiswe nje kanti wayeseke washada yini ngaphambili.√

(3)

21.8 Yebo, kumele umuntu axolelwe emaphutheni awenzile ukuze kube nokuthula nokuzwana.√ UThamsanqa njengomyeni kaPhindisiwe abashada benza izifungo zokuthi bayohlukaniswa ngukufa kwakumele asamukele isixoliso sikaPhinidisiwe.√

NOMA

Cha, kwakungamele ngoba uPhindisiwe wayesemenze isilima isikhathi eside wabukisa ngaye emphakathini.√ Ngesikhathi emncenga ukuba akhulume iqiniso ngokumphethe kabi akazange alikhulume iqiniso kunalokho waqhubeka nobugebengu obuhleliwe
(Nezinye izimpendulo ezinembayo zokwamukeleka) (2)

21.9 Ngiyavumelana ngoba izigameko zilandelana ngokushesha okukhulu okungacishe kube yizinsuku noma inyanga okuyisikhathi esifushane.√ UNkululeko uphoqa uPhindisiwe ukuba amkhokhele imali ngenxa yokumthwalela icala lakhe.√ Uhlasela abazali bakaThamsanqa esizwa ngabangani bakhe banquma ukwenza ugibe ukuze bathole imali kuPhindisiwe ngamaqhinga. Amaqhinga akhe awaphumeleli ugcina eboshiwe kanye naye uPhindisiwe ngokuzama ukuqola ibhange.√ (3)

21.10 Umbhali uphumelele kahle ukwethula isikhathi samanje√ ngoba izigameko ezinobugebengu zibikwa emaphoyiseni njengoba nodaba lokuhlaselwa kukaThamsanqa efuna uZiphozonke benquma ukulubika emaphoyiseni.√
(Nezinye izimpendulo ezinembayo zokwamukeleka) (2)
[25]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 25
AMAMAKI ESEWONKE: 80

RUBHRIKHI YOLIMI LWASEKHAYA

ISIQEPHU A: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WOMBHALO WOBUCIKO: INKONDLO [AMAMAKI AYI-10]

Izinkomba	Kuhle kakhulu	Kuhle	Kuyagculisa	Akugculisi kahle	Akugculisi nhlobo
OKUQUKETHWE Ukuhunyushwa kwesihloko Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi. **6 AMAMAKI**	**5–6** -Ukuhunyushwa kwesihloko okunzulu -Amaphuzu amahle kakhulu ahlukene asekelwe kabanzi kubhekiswe enkondlweni -Ulwazi oluhle kakhulu lwenkondlo.	**4** -Ukhombisa ulwazi ngesihloko futhi usihumushe kahle -Impendulo echaza ngokwenelisayo -Amanye amaphuzu anembayo kodwa awasekeliwe onke ngendlela elindelekile -Ulwazi lwenkondlo luhle.	**3** -Isihloko usihlaziye ngokugculisayo -Akhona amaphuzu amahle asekela isihloko -Amanye amaphuzu asekeliwe kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi kwenye inkathi -Ulwazi lwenkondlo olugculisayo.	**2** -Ukuhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle -Kuthukela kuvela amaphuzu asekela isihloko -Ulwazi lwenkondlo alugculisi kahle.	**0–1** -Akanalo nhlobo ulwazi lwesihloko -Akukho nhlobo okuhambisana nenkondlo -Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenkondlo.
ISAKHIWO KANYE NOLIMI Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile kwamaphuzu kanye nokwethula Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenziswe embuzweni omude. **4 AMAMAKI**	**4** -Isakhiwo esihleleke kahle kakhulu -Amaphuzu ahleleke kahle kakhulu futhi athungelana kahle kakhulu -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa komqondo, kuyaheha futhi kushaya emhlolweni -Ulimi, ukupelwa kwamagama kanye nezimpawu zokuloba akunamaphutha nhlobo.	**3** -Isakhiwo esihleleke kahle futhi amaphuzu ageleza ngokulandelana kahle -Ukugeleza kwamaphuzu kuyalandeleka -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle.	**2** -Kukhona nokho ukuhleleka kwesakhiwo -Amaphuzu awagelezi futhi awahlelekile -Amaphutha olimi ayingcosana, ithoni kanye nesitayela kusetshenziswe ngokugculisayo.	**1** -Isakhiwo sikhombisa amaphutha ezingeni lokuhleleka -Amaphuzu awahlelekile ngokugculisayo -Ulimi lunamaphutha amaningi -Ithoni nesitayela akugculisi kahle.	**0–1** -Isakhiwo asihlelekile kahle neze -Ulimi lunamaphutha amaningi kanye nesitayela esingagculisi neze.

ISIQEPHU B KANYE NESIQEPHU C: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WOMBHALO WOBUCIKO: INOVELI KANYE NOMDLALO [AMAMAKI ANGAMA-25]

Izinkomba	Kuhle kakhulu	Kuhle	Kuyagculisa	Akugculisi kahle	Akugculisi nhlobo
OKUQUKETHWE Ukuhunyushwa kwesihloko Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi. **15 AMAMAKI**	**12–15** -Impendulo enembayo: 14–15 -Impendulo enhle kakhulu: 12–13 -Ukuhunyushwa kwesihloko okunzulu -Amaphuzu ahlukene anembayo nokusekela okunembayo okususelwe embhalweni -Ulwazi oluhle kakhulu lwenoveli/lomdlalo.	**9–11** -Ukhombisa ukuqonda kanye nokuhumusha isihloko kahle -Impendulo echaza ngokwenelisayo -Amanye amaphuzu anembayo kodwa akusiwo wonke asekelwe ngendlela elindelekile -Ulwazi lwenoveli/Umdlalo luyabonakala.	**6–8** -Ukuhumusha isihloko ngokugculisayo; akuzona zonke izingxenye ezicaciswe kabanzi -Kunamaphuzu ambalwa amahle asekela isihloko -Amaphuzu ambalwa asekeliwe, kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi -Ulwazi olungenele lwenoveli/umdlalo.	**4–5** -Ukuhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle; kuthukela kuvela amaphuzu asekela isihloko ngokucacile -Amaphuzu ambalwa asekela isihloko -Amaphuzu amancane ahambisana nesihloko -Ulwazi oluncane lwenoveli/umdlalo.	**0–3** -Ulwazi oluncane kakhulu lwesihloko -Umzamo ontekenteke wokuphendula umbuzo -Amaphuzu awanelisi nhlobo -Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenoveli/umdlalo.
ISAKHIWO KANYE NOLIMI Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile kwamaphuzu kanye nokwethula Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe embuzweni omude. **10 AMAMAKI**	**8–10** -Isakhiwo silandelana kahle kakhulu -Isingeniso kanye nesiphetho okuhle kakhulu -Amaphuzu abekeke kahle kakhulu futhi athungelana kahle -Ulimi ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa, kuyancomeka futhi kushaya emhlolweni.	**6–7** -Isakhiwo esihle kanye namaphuzu ahleleke kahle -Isingeniso, isiphetho kanye nezinye izigaba kuhleleke kahle -Amaphuzu ageleza kahle -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle.	**4–5** -Isakhiwo siyabonakala kancane -Ukugeleza kanye nokulandelana kwamaphuzu kuyabonakala, kodwa kunamaphutha -Amaphutha olimi ambalwa; ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe sifanelekile -Izigaba eziningi zibhaleke kahle.	**2–3** -Isakhiwo sikhombisa amaphutha ekuhlelweni kwaso -Amaphuzu awahlelekile kahle -Amaphutha olimi agqamile -Ithoni nesitayela kusetshenziswe ngokungafanele -Ukuhleleka kwezigaba kunamaphutha.	**0–1** -Ukungabibikho kwesakhiwo esihleliwe kuphazamisa ukugeleza kwamaphuzu -Amaphutha olimi kanye nesitayela esingalungile kwenza lo mbhalo ungabi yimpumelelo -Ithoni nesitayela kusetshenziswe ngokungafanele -Ukuhleleka kwezigaba kunamaphutha.
UKWABIWA KWAMAMAKI	**20–25**	**15–19**	**10–14**	**5–9**	**0–4**